Umbono KaNkulunkulu Ngokuphila (Ingxenye 1)

Isekelwe esahlukweni 13 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala ku-jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, hlola nalokho okufundiswa iBhayibheli, futhi ubone ukuthi ungazichaza kanjani izinkolelo zakho kwabanye.

INGABE UMBONO WAKHO NGOKUPHILA UYAMTHINTA UNKULUNKULU?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Abanye abantu bangathini?

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

Ukuphila kuyisipho esivela kuNkulunkulu.

(Bheka isahluko 13 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli,* izigaba 1-2.)

Funda isAmbulo 4:11.

Ngokwaleli vesi, kungani uJehova uNkulunkulu elufanele udumo?

Funda izEnzo 14:16, 17.

Ngaphezu kokunikeza ukuphila, uJehova ukulondoloza kanjani?

Abantu bayazinakekela izinto abazithandayo. Ngokufanayo, kumelwe sibonise inhlonipho ngesipho sokuphila

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

Inhlonipho ngokuphila kufanele ithinte esikwenzayo.

(Bheka isahluko 13 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli,* izigaba 3-9.)

Funda u-Eksodusi 21:22, 23; uDuteronomi 5:17; neHubo 127:3.

La mavesi awembula kanjani umbono kaNkulunkulu ngokukhipha isisu nokubulala?

Funda eyabaseRoma 12:1 neyesi-2 Korinte 7:1.

Singayibonisa kanjani inhlonipho ngokwethu ukuphila?

Kungani usazisa isipho sokuphila?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

Ngingenza noma yini engiyifunayo ngomzimba wami, kuphela nje uma ngingalimazi omunye umuntu.

UNGASE UPHENDULE . . .

Abantu abaningi kungenzeka bavumelane nalokho okushoyo. Kodwa mina ngikholelwa ukuthi kumelwe ngicabangele umbono kaNkulunkulu kule ndaba ngoba . . .

_____

_____

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

UMA UMUNTU ETHI . . .

Uma owesifazane efuna ukukhipha isisu, yilungelo lakhe lelo —umzimba wakhe.

UNGASE UPHENDULE . . .

Yiqiniso ukuthi sonke sinelungelo lokuzikhethela. Kodwa ngikholelwa ukuthi ukukhipha isisu akulungile ngoba . . .

_____

_____

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania